

# ABAKWA-SARS BALUNGISA UBUHIXIHIXI KU-EFILING

**Pretoria, ngoLwesithathu, 3 kuNtulikazi 2019** – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luyazi ngenkinga abanye babakhokhintela ababhekane nayo. Lokhu kwenzeka uma belondoloza amaphepha abo entela, bese kuthi ngokushesha baphinde bawavule bese becofa inkinobho lokubala intela ngaphambi kokuthi ifomu lelo ligcwaliseke ngokuphelele. Inkinga ibangelwa nawukucofacofa kaningi uma bezama ukubona amaphepha abo entela.

Abakwa-SARS bazokulungisa lokhu ngokuthi zonke izinkinobho, kubandakanya nenkinobho yokubala, zenziwe ukuthi zingakwazi ukusebenza uma ifomu lisaloda. Abakwa-SARS bazophinda banciphise ukucofwa kwezinkinobho enkinobheni ngalinye lenziwe ukuthi licofwe kanye kuphela.

Abakwa-SARS bathanda ukubonga bonke abasebenzisi be-eFiling abaveze lokhu kukhathazeka kanti futhi sithanda ukuxolisa ngalokhu kuphazamiseka okwehlele abakhokhintela, ikakhulukazi labo abathobelile babuyisa amaphepha abo entela zisuka nje.

Kuyasikhuthaza ukubona isibalo sabantu abakuthathele phezulu ukuthumela amaphepha abo entela ngokusebenzisa i-eFiling kulo nyaka. Emva kwezinsuku ezimbili, abakwa-SARS sebethole ukuthi bangaphezulu kwengxenywe yesigidi abantu abangene ku-eFiling, kanti abayi-297488 bacele amaphepha abo entela kwathi abayi-188140 bafayela.

Abakwa-SARS bathokozile kakhulu ngokwamukelwa kwemigudu yedijithali kanti futhi basebenza ngokuzikhandla ekwenzeni ukusebenzisa le migudu kube lula kunakuqala.